Published in Johannesburg by Arnold Mayibongwe Nkala

ARNOLD MAYIBONGWE NKALA

AbeThwakazi by A. M. Nkala

arnoldmayibongwenkala@gmail.com

+27 79 037 8720

© 2017 Arnold Mayibongwe Nkala

ISBN: 978-0-620-70425-0

Edited by Dingindlela Dube

Cover designed by Vusumuzi 'Vusmann' Ndlovu

Powered by DAV MEDIA
+27 79 037 8720
+27 79 078 9004
+27 76 769 7690
davmedia2015@gmail.com

ISAZISO

Lolugwalo lumayelana lembali, amasiko lemikhuba yesizwe samaNdebele eNkosi uMzilikazi. Lesi isizwe siphinde saziwe ngoMthwakazi loba abeThwakazi.

Okulandelayo yisahluko esiyinzwisa yomsoco omunyethwe yilolu ugwalo. Imininingwane ephathelane lokuthi ungaluthola kanjani lolugwalo iveziwe ngaphambilini.

3: IZIZWE OKWAVELA KHONA ABETHWAKAZI

Ukuze kubelula ukuveza lezozizwe, kumele siqale sazi ukuthi siyini isizwe. Umehluko wesizwe lohlanga umncinyane. Uhlanga ngumsuka njengoba kuchaziwe ngenhla. Isizwe kulapho uhlanga thizeni oluwela khona ngokokuhlala langokukhothamela iNkosi yendawo thize. Imvama, isizwe sibunjwa ngezinhlanga ezikhothamela iNkosi kumbe ubuKhosi obuthile. Umzekeliso wesizwe nguMthwakazi, okuyisizwe somdabu lohlanga lwamaNtungwa kaMbulazi. Lolu uhlanga lwangenisa ezinye izinhlanga ezehlukeneyo njengoba kuchaziwe esahlukweni esingenhla. Lezozinhlanga zakhothamela ubuholi bendlu ebusayo yomdabu wamaNtungwa, zaba ngamaNtungwa ngokobuzwe hatshi ngokohlanga.

Okulandelayo ngeminye imizekeliso yamazwe okwavela khona abeThwakazi. Ezinye izibonelo zizofundwa ngokuya kogwalo.

3.1: AMAZULU

UZulu yisizwe esadatshulwa yiNkosi uZulu kaMalandela wakoGumede. Igama lalesi isizwe lithathelwa egameni lomsunguli waso. Inzalo yeNkosi uZulu yasebenzisa uZulu njengesibongo, okuyiso isizatho esenza uZulu aphinde abe yisibongo. Zonke izindlu kanye lezinhlanga ezakhothama ngaphansi komhlaba wendlu yobuKhosi bakwaZulu zabizwa ngokuthi ngamaZulu. Umhlaba wamaZulu uthiwa kukwaZulu.

UZulu waziwa futhi ngokuthi uyisizwe sikaMthaniya, kuthathelwa egameni leNdlovukazi yakwaZulu eyayithiwa nguMthaniya kaManyelela (uManyelela njengentomb'iyesokeni) wakoSibiya. INdlovukazi uMthaniya yathola iNkosana ngesikhathi isizwe silindele ngabomvu ukuthi izalwe indodana komkhulu, kwathi isizelwe, isizwe sabonga iNdlovukazi ngokubiza isizwe ngokuthi ngesikaMthaniya. INkosana yaphiwa igama yathiwa nguSenzangakhona, elinye ibizo layo kwakunguMmenzi.

UZulu waqhela kakhulukazi sekubusa iNkosi uTshaka kaSenzangakhona. INkosi uTshaka yaphinde yaduma ngegama lobuqhawe elithi iLembe (iLembe eleqa amany'amaLembe ngokukhalipha). Kulapho isizwe samaNtungwa, esasesibuswa yiNkosi uMzilikazi, esangena ngaphansi kombuso kaZulu saba yingxenye yamaZulu.

Ngokuya kwesikhathi iNkosi uMzilikazi yahlubuka esizweni sakwaZulu, yayabumba esayo isizwe esizimeleyo. Abalandeli bayo eyaphuma labo kwaZulu, ngokwemvelaphi yokuthi bake baba nguZulu, basazibiza amaZulu, futhi kuqondile yize sebenguMthwakazi. Le yindlela yokungalahli umkhondo wokuthi bake baphila kwaZulu. Linto siyaphinde siyibone kubeThwakazi abavela esizweni samaSwazi, bezibiza ngamaSwazi yize sebenguMthwakazi, besenzela ukungalahli umlando wabo. Umzekeliso wendlu yabeThwakazi eyavela kwaZulu ngesebenzisa uSigola njengesibongo, futhi iyatsho ngezangelo zayo ukuthi bazingwazi ezinkulu zikaTshaka.

3.2: ABAPEDI

UbuPedi yibuzwe obabunjwa ngeminye yemindeni eyadabuka ohlangeni lwabeSuthu. Lumndeni uthiwa ngaMarota, njalo uzila inungu. Ngokuhamba kwesikhathi lo umndeni wacina usudume ngokuthi ngabaPedi ngokobuzwe, kanye lezinhlanga zonke zabeSuthu ezangena ngaphansi kwawo. Ilizwe labaPedi kwathiwa kusebuPedi. Njengasemandulo, lisesifundazweni saseLimpopo ngaseNingizimu Africa.

INkosi uMzilikazi isiphume kwelakubo eNgome, ngenxa yokungazwani leLembe, yawela ebaSuthwini idinga indawo entsha yokuhlala kanye labaNtu ababezaqhelisa isizwe sayo samaNtungwa. Yangena ebuPedi kusanda kukhothama iNkosi yakhona uThulare kaMorwamutswe (uMorwamutswe wakuqala) kaMohube, kanti njalo amadodana eNkosi uThulare ayebanga ubuKhosi, okwenza isizwe sibe loqhekeko. Lokhu kwapha iNkosi uMzilikazi ithuba elihle lokuhlasela kuhle ngoba sekungekho umanyano kubaPedi. Ekugaseleni kwayo yabulala amadodana eNkosi uThulare ayegoqela uPhethedi. Amadodana eNkosi uThulare asindayo emlonyeni wengwenya kwaba nguSekwati, Seraki loKabu (Monnig 1967: 22). USekwati nguye owasala evusa isizwe sikayise, kanti leNkosi esaphethe njengamanje ebuPedi iyinzalo yakhe.

AbaPedi abathunjwa yiNkosi uMzilikazi baba yingxenye yesizwe sayo. Kukhona izindlu zakoSibanda ezingabeThwakazi ezatholakala ebuPedi.

3.3: AMAKHALANGA

AmaKhalanga ayisizwe esabuswa yizindlu ezinengi ezazikhothanyelwa yizinhlanga ezinengi. Izinhlanga ezaqala ukuba yingxenye yalesi isizwe zaziyingxenye yezinhlanga zabaNtu ezasuka enkabeni yezwekazi le-Africa zayozinza lapho osekuyilizwe leZimbabwe. Ngokomlando wamaKhalanga, indawo ayekiyo ngasenkabeni yezwekazi le-Africa ayeyibiza ngokuthi yiKwakawanda njudzi, okuchaza ukuthi ‘Lapho okwanda khona izinhlanga’ (Ndlovu, 2014). Kukholakala ukuthi lindawo yayingaseRwanda loba eThanzaniya.

Leloqembu ekufikeni lapho osekuyilizwe leZimbabwe khona, laqala ukwehlukana ngenxa yemibango. Kukhona iqembu elayahlala ngasemhlubulweni weNdlabunondo. Leloqembu laliholwa yiNkosi uMadabhani, owayedume ngokujezisa kabuhlungu abalandeli bakhe ababebanjwe amacala embusweni wakhe. Lokhu kwamdalela igama elithi usenguNkalanga, kuchaza ukuthi ‘Umjezisi’ (Tlou & Campbell 1997: 128). Igama leli labunjwa kuleli elithi ‘Kulanga’, okutsho ukuthi ‘Ukujezisa’ (Ndlovu, 2014). Njengoba ngokwesiNtu abalandeli babezibiza ngegama lomkhokheli wabo, abakaNkalanga bona bazibiza ngokuthi sebeyisizwe sabaKalanga. NgesiNdebele sithi ‘amaKhalanga’. INkosi yamaKhalanga yayivunula ubuhlalo obumnyama njengophawu lobuholi (Tlou & Campbell 1997: 129).

Isizwe samaKhalanga sakhula kakhulu sangenisa izinhlanga ezinengi kakhulu ezigoqela abaThwa, abeSuthu, abeNguni, njalonjalo. Inengi lalezozinhlanga zangeniswa kakhulu njengeziphepheli ngesikhathi soMfecane,

okwakuyizimpi ezazivela eningizimu lentshonalanga yebuKhalanga. Isizwe samaKhalanga sacina sesingenelwa yiwo uMfecane, sabhidlizwa ngabalandeli beNkosi uZwangendaba kaHlatshwayo wakoJele loba owakoGumbi (abakoJele yindlu yinye labakoGumbi). Lesi isizwe seNkosi uZwangendaba sacina sesidume ngokuthi ngamaNgoni, kukilizwa ukuthi 'amaNguni', ngoba mdabuko waso sasivela khona kwelebuNguni.

Isizwe seNkosi uZwangendaba saphuma eNdlabunondo ngoba sesithole ukuthi amaNdebele kaMzilikazi ayesengcelelene laso, njalo lokhu kwakuyingozi ngoba iNkosi uZwangendaba yayithinteka ekusocongweni kukayise weNkosi uMzilikazi besasebuNguni eningizimu. UMfecane waphoqa iNkosi uMzilikazi lesizwe sayo ukuthi iyehlala eNdlabunondo, okulapho eyathola kungekho mholi ngoba amaKhalanga ayesekhothanyelwe ngumholi wabo ngenxa yolaka lwabalandeli beNkosi uZwangendaba kanti njalo lenzalo yesiKhosini samaKhalanga yayisiyephephela kwezinye izindawo, ikakhulukazi lapho okuyisifunda seMaswingo ngaseZimbabwe.

Izinhlanga zamaKhalanga ezatholwa yiNkosi uMzilikazi zavele zaba yingxenye yabalandeli bayo. Konke lokhu kwenzeka ngaphandle kwempoqa lokuphakamiselana izikhali. Kulapho lezozinhlanga ezaba yingxenye yabeThwakazi. Kuze kube namhla lokhu, ziyatsho lezozinhlanga ngaphansi kwesizwe sikaMthwakazi ukuthi zingamaKhalanga, zisenzela ukungacitshi imvelaphi yazo njengezinye izinhlanga zikaMthwakazi ezavela kwamanye amazwe.

3.4: AMAVENDA

UbuVenda akusohlanga kodwa yibuzwe obabunjwa yindlu yakoSingo khona ngasebuVenda (Van der Wiel 2012: 15). AbakoSingo esibathola kwelikaMthwakazi babizwa ngoNsingo, abanye bakhona sebezibiza ngesibongo sakoMlawuzi (Mulaudzi). Lesi isizwe basakha ngokulumbanisa izinhlanga ezinengi ezakhothamela umbuso waso, njengezinhlanga ezazigoqela lezi: abaTabatsinde, abaDawu, amaKwinde, abeSuthu, abaMbedzi, abaTwamamba, abeNyayi, abaFumbi labaLemba.

INkosi eyaqhelisa lesi isizwe yayinguThohoyandou (Khandalendlovu) kaDimbanyiko wakoSingo. Kuledolobho ebuVenda elaqanjwa ngaye uThohoyandou. INkosi ebisaphethe ebuVenda kusaqoqwa lolu ugwalo, uToni Mphephu Ramabulana, iyisizukulwana sikaThohoyandou.

Ngenxa yokuthi amaKhosi ebuVenda ayehlukana ngesilinganiso samandla awo, kwesinye isikhathi ibuVenda yayidlelwa umhlaba weGwanda nxatshana ibuswa yiNkosi entekenteke (kuchaziwe lokhu esahlukweni sesibili kuphawulwa ngamaJahunda). Lokhu kwakusenza ukuthi ubuVenda buqale buphinde buphele ngaseGwanda ngokukwandulelana kweminyaka.

IMfecane yaba lomthelela ekunciphiseni umhlaba owawubuswa ngamaVenda. INkosi uMzilikazi yawela iNdlabunondo ngesikhathi umhlubulo esiwubiza lamuhla ngeBeitbridge usungaphansi kohlanga olwaluthiwa ngabaFumbi (baPfumbi). Njengoba isizwe sikaMthwakazi saseyeme ugu lomfula iNgulukudela

(Lumfula waziwa ngabanengi ngokuthi nguLimpopo. Ukuthi ‘Ngulukudela’ ligama elavela esiNdebeleni seNdubazi, kutsho ukuthi ‘ingwenya’, ngoba lumfula ugcwele izingwenya. Abanye bathi ibizo lawo nguBengwane. NgesiVenda lumfula uthiwa nguBembe, njalo ngesiVenda ubhalwa kanje kuthiwe Vhembe. Ukumbiza ngoLimpopo yisiSuthu), lokhu kwakuchaza ukuthi abaFumbi basebewela ngaphansi kobuholi beNkosi uMzilikazi, lokuthi sebengabeThwakazi. Ulimi ababelukhuluma abaFumbi kwakuyisiVenda, yingakho babizwa ngokuthi bangamaVenda kusenzela ukuthi bengalahli imbali yokuthi bake bawela ngaphansi kwesizwe samaVenda ngaphambi kokuba ngabeThwakazi.

INkosi uMzilikazi yabakhulula abaFumbi baqhubeka ngempilo yabo yesiVenda, kanti njalo amaviyo akhona ayeyizinhloli ngokwenzeka kuloyamhlaba weBeitbridge. Umzekeliso wabeThwakazi abazibiza ngamaVenda yindlu yeNduna uSibasa wakoSibanda, ophethe koSibasa ngaseNsiza.